## U-SARS USAYINDE ISIVUMELWANO SOKUSEBENZISANA NE-DHA, BMA KANYE NE-DPW

**Tshwane, 3 kuMbasa 2025 —** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS), kanye noMnyango Wezindaba Zasekhaya (i-DHA), Iziphathimandla Zokulawulwa Kwemingcele (i-BMA), kanye nomnyango Wemisebenzi Yokuphrinta kaHulumeni (i-GPW), bathathe isinyathelo esikhulu sokwakha ukusebenzisana ngokubambisana okuqinile nokuhlangene ngokusayinda isivumelwano sokusebenzisana ekwenzeni le minyango ibe ngeyesimanjemanje futhi isebenze ngezinhlelo zedijithali. Isivumelwano esiqondile sasiphakathi kuka-SARS ne-DHA, okuyiso esisungle uhlakakusebenza olubanzi lokusebenzisana phakathi kwalezi zinhlaka.

Lezi zivumelwano zihambisana noMkhombandlela kaHulumeni Wokuguquka Kwedijithali, eyagunyazwa yiKhabhinethi mhla zingama-26 kuNdasa 2025. Leli yigxathu elisemqoka elibonisa indlela kahulumeni wonke yokubhekana nezinselela ezintsha nezziguqukayo ekuhlonzeni kusetshenziswa idijithali okuholela ekuhlonzweni kwenkohlakalo.

Isivumelwano sokuqala sasayindwa phakathi kukaKhomishana wakwa-SARS kanye noMqondisi-Jikelele we-DHA. Lesi sivumelwano sivuselela isivumelwano sangaphambilini esasibizwa nge-*Direct Master Agreement*, okuyiso ebesilokhu siyisisekelo sobudlelwane besikhathi eside phakathi kwezinhlaka zomili, obaqala kowezi-2010. U-SARS udlale indima esemqoka ekulekeleleni i-DHA ukwazi ukusungula ezayo izinhlelo eziphucukile ze-IT. Isivumelwano sanamhlanje sizogxilisa ukusebenzisana ezinkundleni zedijithali ukuthuthukisa usizo kwenze ngcono imininingo.

Isivumelwano sesibili sasiyisivumelwano sokusebenzisana phakathi kwe-DHA, u-SARS, i-BMA, kanye ne-GPW. Lokhu kuyigxathu eliya phambili ekwakheni uhlakakusebenza lokubusa ukwenza, ukuqinisa, kanye nokuqapha ubudlelwana ngokwamasu aguqukayo phakathi kwalaba abasayindile. U-SARS kanye ne-BMA bese bevele besebenza ngendlela ehambisana futhi eseduze nokusebenzisana ngokubambisana. Lesi sivumelwano esisemqoka silekelela ukuhlanganisa u-SARS ne-BMA ngamasu nangendlela yokusebenza.

UKhomishana u-Kieswetter uthe:

*"Lezi zivumelwano okungenwe kuzo namuhla zifakazela impumelelo yendlela kahulumeni wonke yokubhekana nezinselela uhulumeni abhekana nazo zokwenza izinhlangano kube ezesimanje futhi ziphucuke. Ithuba lokuba nenkundla eyodwa yokubhekana nendlela ehlukile yedijithali yokuhlonza abantu nezikhungo kuzolekelela uhulumeni ukwazi ukuqinisekisa ukuthi iyodwa kuphela indlela yokuzihlonza umuntu*

*axhumana ngayo nohulumeni. Le nkundla ebumbene izovimbela ukuthi abantu bakhangeze ngazo zombili izandla, njengalapho umuntu ethola isibonelelo sikahulumeni ebe esebenza kuhulumeni. Izophinde yakhe inhlangano yesimanje ehlakaniphile eyenza ukuhamba kwabantu kungabi nazihibe"*

ULivhuwani Makhode, uMqondisi-Jikelele we-DHA, uzwakalise injabulo yakhe ngokuvuselelwa kwesivumelwano phakathi kwe-DHA no-SARS. Uthe:

*"Lobu budlelwano obukhethekile nobuthembekile no-SARS, osebube khona kusukela kowezi-2010, bukhombisa isinyathelo esifanele ekubhekaneni nenqwaba yezinselelo uMnyango Wezasekhaya obhekene nazo. Ukusungula inkundla yedijithali ehlakaniphile ukuze abantu bakwazi ukuhamba ngokukhululeka kube kuqinisekiswa ukuthi abantu abangafuneki bayahlonzeka kuzoba igxathu elikhulu eliya phambili. Ukusetshenziswa kakhulu kwedijithali, kubandakanya ukusetshenziswa kwezihlonzasiqu, iyona ndlela umnyango ozosebenza ngayo. Lokhu kusebenza ngokubambisana kuzosheshisa izinhlelo ezifana nezimvume zokuhamba ze-elekthronikhi, ukusetshenziswa kwedijithali ezinqubweni zokuvamisa, nasekuqaliseni ukusebenzisa imigomo esebenza kahle yokuhlala unomphela".*

UKhomishana we-BMA uDkt Masiapato ukuncomile ukusebenzisana bobuqabavu phakathi kuka-SARS ne-BMA. Uthe:

*"Isivumelwano sezinhlaka eziningi esisayindwe namuhla sizokwenza ngcono ubudlelwano obulokhu bukhona no-SARS. Ugcizelele ubumqoka bokusebenzisa inqubo yedijithali ezintubeni zokungena nasezindaweni ekuphoqelelwa kuzo umthetho emingceleni. Ubudlelwano obukhona buzohlomula kakhulu kulesi sivumelwano futhi lakhe ukubaluleka kubahambi abangenayo nabaphumayo ezweni bube buthuthukisa amandla okumisa ukuhamba ngokungemthetho kwabafuduki".*

Isikhulu Esiphezulu somnyango Wemisebenzi Yokuphrinta kaHulumeni uNks Alinah Fosi uthe ukujabulele egameni le-GPW ukuba yingxenye yesivumelwano sezinhlaka eziningi. Uthe:

*"I-GPW iyingxenye yokusebenzisa kwedijithali, ngakho-ke lesi sivumelwano sizolekelela inhlangano ikwazi ukwenza umyalelo wayo, kanye neqhaza lamasu, kanye nombono njengesiKhungo Esinegunya Lokuqinisekisa Nesithenjwayo Kwezedijithali. I-GPW izosebenza endimeni yokuhlolaa nokuqinisekisa umazisi wedijithali kusetshenziswa izinkundla zikahulumeni zezobuchwephse ukuze izakhamuzi zaseNingizimu Afrika zikwazi ukuthola usizo ngokucindezela ikinobho zisebenzisa nobuchwepheshe beselula. Lokhu kubalulekile njengoba ukuphepha kwamadokhumenti kahulumeni kuzoqinisekiswa futhi kwethenjwe. Ngokungangabazeki ukufakwa kwamadokhumenti kudijithali akugcini nje ngokuthuthukisa ukuphepha kwawo, kodwa kuzophinde*

*kuqinisekise izingabunjalo nobuqiniso bawo, ngaleyo ndlela kwenze abahambi bahambe ngendlela ephephile futhi engenazo izinkinga ikakhulukazi lapho behambela ezwenikazi naphesheya".*




*Isithombe: Ukusayindwa Kwesivumelwano Sokusebenzisana Kwezinhlaka Eziningi – Kusukela kwesobunxele kuya kwesokudla: UKhomishana we-BMA uDkt Masiapato, uKhomishana wakwa-SARS uMnu Edward Kieswetter, u-CEO we-GPW Nksz Alinah Fosi, uMqondisi-Jikelele we-DHA uMnu Livhuwani Tommy Makhode.*

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [SarsMedia@sars.gov.za](mailto:SarsMedia@sars.gov.za).